*Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.*

*UBora Onesibindi*
*(Brave Bora)*
Illustrated by Ellen Heydenrych
Written by Edna Gicovi
Designed by Raeesah Vawda
Edited by David Mann
Translated by Nonkululeko Nhlapo
with the help of the Book Dash participants in the Virtual Book Dash on 18 September 2021.

ISBN: 9781776324187

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.
No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.
Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.
No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

UBora uhlezi noBaba emtholampilo.

UJojo, inkawu yakhe eyithoyizi, naye ukhona.

UJojo ulele esikhwameni sikaBora.

“Angizithandi izinaliti. Zibuhlungu!” kusho uBora.

“Umjovo uyasiza uyaphilisa. Kulungile ukwesaba, Bora. UBaba ukhona lapha kanye nawe. Kanjalo noJojo.”



“Bora Baraka!” kuzwakala izwi limemeza.

“Asihambe Bora,” kusho uBaba.

“Sekuyithuba lakho.”



“Asibuye kusasa Baba!”
kusho uBora.

“Uyakhumbula ukuthi uBaba uthe uzotholani ngokuba nesibindi uvume ukujova?” kubuza uBaba.

“Ilolipop ebomvu! Kulungile, ngiyaya,” kusho uBora.

Udokotela uyamamatheka lapho ebona uBora. "Inkawu yakho lena? Singayixilonga nayo?" kubuza yena.



brave-bora_interior.indd 16 2022/01/19 15:16



UBora ubuka uBaba bese ebuka uJojo, anqekuze ikhanda.

“Manje sekuyithuba lakho,” kusho udokotela.

“Ungangisiza ngijove inkawu yakho kancane ukuze iphile?” kubuza udokotela.

“TUPU!” kusho udokotela ngenkathi ejova uJojo inkawu.

“Manje sekuyithuba lakho-ke. Ngabe iqhawe leli elisesikibheni sakho?” kubuza yena.



“TUPU!” kusho udokotela ejova uBora.

"Ashu!" kumemeza uBora.

"Kodwa, bekungebuhlungu kangako!"

“Ngiyazi kuyancinza kancane, kodwa sesiqedile kanti wena ube nesibindi kakhulu!” kusho udokotela.

brave-bora_interior.indd 27 2022/01/19 15:16

“Nansi ilolipop
eyodwa ebomvu
kaBora wethu
onesibindi!”



